

Isikweletu Nokuboleka

Ukwenza isinqumo esihle nesibi

UKWAZI UKUQONDA IZIMALIZAKHO



Uma sicabanga ngokuphatha kahle imali yethu, okuningi kwakho kuncike ezinqumweni esizenzayo.

Izikhathi eziningi senza izinqumo ngokwalokho esikufunayo kunalokho esikudingayo. Ngezinye izikhathi sikwenza ukuze sijabulise abanye abantu noma ngenxa yokuthi bekuyinto ebesilokhu siyenza. Izinqumo ezinhle nokucabanga ngezinye izinto esingazikhetha kungaba indlela esingakwazi ngayo ukuphatha kahle kakhulu imali yethu.

Uma singenayo imali esalayo eyanele kungase kubangele isikweletu futhi kudingeke ukuba siboleke imali, mhlawumbe kumashonisa. Uma sinayo imali, kudingeka sizibuze, “Ingabe ngiyakudinga lokhu njengamanje”? Khumbula, uma unemali e-akhawuntini yakho, kungcono ukuthi uyifake e-akhawuntini yakho yokulondoloza imali bese uyeka imali yakho ikusebenzele, yenze inzalo njalo ngenyanga. Ngokwenza kanjalo ungayithenga ngenzalo leyo nto oyifunayo ngaphandle kokusebenzisa imali oyilondolozile. Uma imali yakho ikwenzela enye imali, ungakwazi ukuyisebenzisa ngokukhululekile leyo ngoba le oyibekile ilokhu ikwenzela enye.

Phinda Ucabange hlakanipha ngemali!

Nasi isisho okufanele silandelwe njalo lapho kudingeka noma ukhetha ukuthi usebenzise imali engaphezu kwebhajethi yakho – ikakhulukazi uma kunemali esele encane kakhulu.

YIMA!...

Bala Ugcine Ku-10... phinda ucabange... hlakanipha ngemali!

- “UKUBALA UGCINE KU-10” kusho ukuthi uzinika isikhathi sokucabanga ngaphandle kokujaha nangokucophelela.
- NGAPHAMBI KOKUSEBENZISA IMALI cabanga ngezizathu ezi-3 zokuthi kungani kufanele uyisebenzise, nezizathu ezi-3 zokuthi kungani kungafanele, bese uyanquma.



Izingozi zokungena esikweletini



*Ungalokothi ujahe
ukubolekangaphambi
kokucabanga ngemali
ozoyikhokha.*



*Boleka kuphela imali
yentooyidingayo
kunaleyo oyifunayo.*



*Qinisekisa
ukuthi into ofisa
ukuyithenga,
ngemali oyibolekile,
iyinani elihle
kakhulu.*

**Udinga ukuqonda izingozi
zokusebenzisa imali engaphezu
kwemali oyiholayo, ikakhulukazi uma
uthenga izinto ezibizayo ngesikweletu
ngaphansi kwesivumelwano
sokuthenga ngesikweletu
esikhokhelwa kancane kancane.**



Ingozi yokuthenga ngesikweletu ukuthi imali ozoyikhokha ingase ibonakale incane, kodwa udinga ukucela noma ukubala inani eliphelele elihlanganisa nenzalo, ukuze wenze isinqumo esihlakaniphile ngemali. Uma uthenga impahla ngesikweletu kuzodingeka ukhokhe izamba ezinkulu zemali ngenzalo. Sizohlola lokho ngokulandelayo.

Inzalo yinhle uma kunguwe oyizuzayo kodwa hhayi uma kufanele uyikhokhe.

Uma uboleka imali ukuze ukhokhele noma uthenge into ethile ngesikweletu ugcina usukhokhela abanye abantu imali eningi ngokuboleka imali yabo. Ugcina usubakhokhela inzalo ngemali obungayilondoloza noma obungayisebenzisela enye into obuyidinga. Kufanele ubeke imali bese uthenga ngaphandle kwesikeletu uma ungenza kanjalo. Ngaleyo ndlela ungakwazi ukulondoloza imali eningi futhi ngeke ube nombiko omubi wesikweletu. Ngezinye izikhathi ayikho enye indlela, kufanele uboleke, kodwa njalo cabanga nangeminye imithwalo onayo.



Lolu lwazi alubhekeleli lokho okuphokophele wena uqobo, isimo sezezimali, noma izidingo futhi akumele kuthenjelwe kulo njengoluthatha indawo yeseluleko soqeqeshiwe.